

IPHINI likaNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kuzwelonke uMnuz Mcebisi Skwatsha noNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal uMnuz Cyril Xaba engqungqutheleni yezolimo ebise-ICC

Isolezwe – PG07 January 20/2016

# Imizamo yokusiza intsha efunde ezolimo

**BONISWA MOHALE**

UNGQONGQOSHE wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya KwaZulu-Natal uMnuz Cyril Xaba uthi uzosebenzisa umhlaba ongalinyiwe ukuqinisekisa ukuthi akekho umfundi oneziqu zolimo obhuquza ekhaya.

UXaba ukusho lokhu engqungqutheleni yentsha eneziqu kwezolimo kodwa engasebenzi ebise-ICC, eThekwini, izolo.

Ngokusho kukaXaba kunomhlaba ongalinyiwe ophethwe ngabantu abangenalo ikhono kwezolimo nalowo ongaphansi kwesikhwama somphakathi othile (trust) kodwa ongalinywa.

"Sizohlanganisa abafundi bethu abanamakhono kwezolimo nabanikazi bomhlaba ongalinywa khona sizoqeda inkinga yabafundi abaneziqu kwezolimo abangasebenzi. Sinawo umhlaba omningi ongalinyiwe odinga abantu abanamakhono. Lokhu akusho ukuthi abanikazi bomhlaba bazosala bengenalutho kodwa kusho ukuthi bazohlanganiswa nabafundi abazokwazi ukuwusebenzisa ngendlela ezongenisa imali bese kuxoxiswana ukuthi inzuzo ihlukaniswa kanjani," kusho uXaba.

Izolo i-ICC ibigcwele phama abafundi abaneziqu kwezolimo kodwa abangaqashiwe, abanye baze basala ngaphandle ngoba abaphathi kule ndawo besabela isinyokotho.

Uthe bazoxoxisana ngohlelo lokufaka intsha emapulazini angasebenzi futhi ikhona imali yokuqhuba izinhlelo zabo.

Ubuye waveza ukuthi nohlelo lwabo lokuthumela intsha eDenmark ukuba iyoqeqeshwa kwezolimo luyaqhubeka kodwa inkinga eba khona wukuthi kuba wumqansa kubafundi ukusungula amabhizinisi abo uma sebebuyile.

"Amabhange abafuna imicikilisho eminingi okubalwa kuyo isibambiso abasuke bengenaso. Singumnyango sizobeka ingxenye ethile yemali ukuze abalimi bangomuso bezokwazi ukuthi uma beyoboleka imali emabhange sibafakele isibambiso. Yingakho simeme nezikhungo ezibolekisa ngemali o-IDC, Ithala, Sefa nezinye kule ngqungquthela," kusho uXaba.

UNksz Snethemba Nxumalo othe une-diploma kwezolimo lapho enza khona umkhakha wobisi (dairy farming) uveze ukuthi abaqashi bafuna iziqu ezithe thuthu ama-degree othola ukuthi abanawo yingakho bengaqasheki.

Omunye uMfanafuthi Mthombeni uthe kufanele ukuthi bazisungulele amabhizinisi abo kodwa lokho akwenzeki ngenxa yokuthi amabhange awababoleki imali uma beya kuwo, unxuse uXaba ukuba abalekelele.

IPhini likaNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kuzwelonke uMnuz Mcebisi Skwatsha lithe banezinhlelo ezigqugquzela intsha ukuthi ingene kwezolimo futhi bazoyibekela umhlaba wokulima ukuze izokwazi ukusungula amabhizinisi ayo uma iqeda ukuqeqeshwa emakolishi.

Uthe intsha kumele iqhubeke nokungena emkhakheni wezolimo ngoba ngaphandle kwezolimo impilo iyaphela njengoba wonke umuntu edinga ukudla ukuze aphile.

Ube esenikeza intsha izinombolo zabantu engabafonela abaphethe izinhlelo zentsha eMnyangweni wezokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kuzwelonke naKwaZulu-Natal.

Abafundi banxuse ukuthi bangabheki kuhulumeni kuphela njengomqashi kodwa bafake izicelo zomsebenzi nasezinhlanganweni ezisiza umphakathi.

Lokhu kushiwo nguSolwazi Steve Worth weNyuvesi yaKwaZulu-Natal othe abafundi akumele basonge izandla balindele ukusizwa ngumalume uCyril Xaba noma umalume uJacob Zuma kodwa kumele basukume bafake izicelo zomsebenzi ezinhlanganweni ezisiza umphakathi uma bezimisele ngokuba nesipiliyoni kwezolimo.